

INGEDE

January 2013, Vol. 16, No.1

Ukubaluleka nendlela yokwenziwa kwezilinganiso zomoba



Ukuqagula ubungako bomoba omile emasimini kwenziwe ngokusebenzisa ulwazi olutholakala emlandweni weminyaka eyedlule yokukhiqiza kwensimu ngayinye.

Izizini nesizini, umlimi nomlimi osuke ezohlaha, ulindelekile ukuba enze futhi athumele izilinganiso zomoba okhona ensimini yakhe emshinini. Ngokujwayelekile, izilinganiso zokuqala ziye zenziwe ngo Nhlolanja (Feb.)

Sikuphi isidingo salokhu futhi kubaluleke ngani?

Izizathu ezisemqoka zokuba kungani kumele umlimi nomlimi enze futhi athumele izilinganiso zobungako bomoba yilezi:

- ukuba iSigayo sikwazi ukuqagula ubude besikhathi sokugaya
- ukukwazi ukubalela umlimi ngamunye umoba azowuthumela usuku nosuku eSigayweni kuleyosizini
- ingoba aBemboni kaShukela baseNingizimu ne-Afrika badinga izilinganiso ezishaya emhloeni ekwenzeni izethembiso zoshukela ozothengiswa noma olindekile kanye nokukhangisa kumakhasimende ngentengo esezingeni eliphezulu.
- kuyasiza futhi ngasohlangothini lokwenza izinhlelo zezimali (budgeting) – kwabomshini, kumlimi nakusonkontileka

Zimbili izindlela zokwenza izilinganiso ensimini:

Eyokuqala (Igxila kubungako kanye nesisindo sezingoqo)

Lena indlela eshaya emhloeni yokwenza izilinganiso. Bala ubuningi bezingoqo emitheni ngalinye (lokhu kwenze ezindaweni eziyi-5 ezahlukene ensimini) isib. asithi zili-14 izingoqo emitheni ngalinye kanti isisindo esiphakathi ngamakhilo ali-0.8 ngasinye (thola isisindo sezingoqo ezili-14 bese wehlukana ka-14).

Uma ukugqagqana kolayini noma kwemigqa yomoba kulimitha elilodwa (1m) kusho ukuthi imigqa ehaktare ngalinye iyizi - 10 000m ($10\ 000 \div 1$). Uma ukugqagqana kwemigqa kulimitha elilodwa nezigamu ezimbili (1.2m) kusho ukuthi imigqa ehaktare ngalinye iyizi - 8333m ($10\ 000 \div 1.2$).

Manje, izingoqo ezili-14 emitheni ngalinye $\times 10\ 000$ yemigqa ehaktare kusho ukuthi kunezingoqo ezi - 140 000 ehaktare ngalinye.

Ngaleyondlela, isivuno somoba esilinganisiwe sizoba:

$140\ 000$ wezingoqo (ngehektare) $\times 0.8\text{kg}$ (isisindo sogoqo ngalunye) $112\ 000\text{kg}$ noma amathani ali-112 ngehektare ($112\text{tc}/\text{ha}^*$).

* tc/ha - amathani omomba kwihektare

Uma ngabe isilinganiso somoba omile senziwe ngenyanga kaNdasa kodwa insimu kuhlelwe ukuba ihlahlwe ekupheleni konyaka kusho ukuthi ukukhula okulindelekile inyanga nenyanga umoba ungakahlahlwa, kumele kwengezwe kwisilinganiso ezenziwe ngo Ndasa.

Isibonelo:

Uma insimu inezinyanga eziyi-8 ubudala kuqagulwa ukuthi umoba

omile ungamatani angama-50, kodwa uzohlahlwa ekupheleni kukaLwezi (usunezinyanga ezili-16 ubudala), kusho ukuthi isivuno esilindelekile ngesikhathi sekuhlahlwa endaweni ekhiqiza ngokujwayelekile ingabalwa ngalendlela elandelayo:

50 (Ndasa) + 6 (Mbasa) + 3 (Nhlaba) + 2 (Nhlanguvana) + 1 (Ntulikazi) + 1 (Ncwaba) + 2 (Mandulo) + 3 (Mfumfu)

UMKHIQIZO

Ukukhula komoba okulindelekile ngenyanga ngendlela eyejwayelekile

Inyanga	Ukukhula kwamatani omoba/ngeheka/ngenyanga				
	3 wamatani (kuphansi kakhulu)	4 wamatani (kuphansi)	5 wamatani (kuphakathi nendawo)	6 wamatani (kuphezulu)	7 wamatani (izinga eliphhezulu kakhulu)
Mbasa (April)	4	5	6	7	8
Nhlaba (May)	1	2	3	4	5
Nhlanguvana (June)	0	1	2	3	4
Ntulikazi (July)	0	0	1	2	3
Ncwaba (August)	0	0	1	2	3
Mandulo (September)	0	1	2	3	4
Mfumfu (October)	1	2	3	4	5
Lwezi (November)	4	5	6	7	8
Zibandlela (December)	6	7	8	9	10
Masingana (January)	7	9	10	11	12
Nhlolanja (February)	7	9	10	11	12
Ndasa (March)	6	7	8	9	10
Isamba (April)	36	48	60	72	84

OKUQUKETHWE



Uhlelo lomsebenzi:
Indlela yokusiza umlimi ekuhleleli imisebenzi azoyenza epulazini unyaka wonke.



Izinhlelo zezolimo:
uSASRI ngokuhlanganyela noMyango weZolimo neZemvelo.




Amasu asemqoka:
Imisebenzi okumele yenziwe kwizinyanga ezine ezilandelaya.



+ 6 (Lwezi) 74tc/ha, lesi isilinganiso sesivuno esingatholakala kwi hektare ekupheleni kuka Lwezi uma insimu isihlahlwa.

Eyesibili (Ayigxili kubungako bezingoqo kanye nesisindo sazo)

Lendlela ayishayi emhloeni njengalena engenhlakodwa iyashesha futhi ingelula kakhulu ekuqaguleni. Lokhu kungenziwa ngokukala ubude bogoqo olodwa kusuka emhlabathini kuya ekhanda lomoba (ithophisi selisusiwe). Ubude obutholile ngokusebenzisa ibhande lokukala noma irula (ruler) njengoba sibona esithombeni esingezansi, bese uhlukanisa kabili impendulo oyitholayo kobe sekuyisilinganiso sesivuno okungamatani ngehektare.



Isibonelo:

Ubude bogoqo – 80cm (thatha ugoqo oluphakathi nendawo ngobude ensimini)

Hlukanisa lobude kabili – 40cm (80 ÷ 2)

Isilinganiso samatani ngehektare ngokwalesi bonelo 40tc/ha, ngenkathi yokwenziwa kwesilinganiso

40((Ndasa) + 6 (Mbasas) + 3 (Nhlaba) + 2 (Nhlangulana) + 1 (Ntulikazi) + 1 (Ncwaba) + 2 (Mandulo) 55tc/ha

Ukuze ufinyelele kwisilinganiso esiphelele sensimu ngayinye, phindaphinda isilinganiso somkhiqizo wehektare ngobungako bensimu ngayinye. Isib.55tc/ha X 1.25ha 66tc, uma insimu yakho ingu 1.25has, isilinganiso sayo singama 68 tons.

Into ebalulekile nevezwe izona zombili izindlela ukuthi umlimi kumele awahambele amasimu futhi asebenzise ukukhula okulindelekile okuphakathi nendawo (±5) njengoba kukhonjiswe ngenhla.

Abalimi bayanxuswa ukuba baqinisekise ukuthi bayazenza izilinganiso ukuze kungabi nokuphazamiseka kwezinhlelo zokuthuthwa nokugaywa komoba okungaholela ekutheni kube nomoba ovaleleka ngaphandle.

ngu John Neen (SASRI - Umeluleki Wezomoba)

UHLELO LOMSEBENZI

Kwi nsimu nensimu yomoba, kunemisebenzi eyahlukahlukene okumele yenziwe kuyo unyaka nonyaka noma kwi-sizini ngayinye.

Yonke imisebenzi ezokwenziwa kumele iqoshwe phansi ukuze kube nokukhumbuzeka ngasonke isikhathi ngokumele kwenziwe ngokwezikhathi ezahlukene.

Inqubo elandelwayo uma kwakhiwa uhlelo lomsebenzi:

- Qopha phansi yonke imisebenzi okudinga yenziwe kwinsimu ngayinye epulazini
- Hlanganisa imisebenzi yensimu ngayinye ukhiphe imisebenzi yepulazi noma yamasimu akho onke ndawonye.

Ukuze usizakale ekuqaguleni imisebenzi edinga ukwenziwa ensimini, ikhalenda lakwa-SASRI lingakusiza njengoba zonke izinhlobo zemisebenzi zivela kulo noma uthintane nomeluleki wezolimo uyakukusiza kuloku.



ISIBONELO "SOHLELO LOMSEBENZI" LWENSIMI EYODWA

Inombolo noma igama lensimu yakho: - F1, Ubungako bensimu: -

Inyanga okumele umsebenzi wenziwe ngayo (Month)	Umsebenzi okumele wenziwe (Operation)
APRIL (Mbasas)	Qeqesha abagawuli-bomoba Akha uhlelo lokunisela
MAY (Nhlaba)	Hlola Umonakalo Wesithwathwa emobeni
JUNE (Nhlangulana)	Thenga Umanyolo Lungisa Amabhande- omlilo
JULY (Ntulikazi)	Ilwa Nokhula Lwasebusika
AUGUST (Ncwaba)	Lungisa izigubhu zokufaka umonophoyizeni
SEPTEMBER (Mandulo)	Faka izibulala-khula zesikhathi (L/term) Faka Isikhuthaza
OCTOBER (Mfumfu)	Hlola Ukusebenza Kwezibulala ezifakiwe
NOVEMBER (Lwezi)	Thatha Isampula lamaqabunga
DECEMBER (Zibandlela)	Hlakula ngezandla
JANUARY (Masingana)	Akha Uhlelo Lomsebenzi lwesivuno ezayo Akha uHlelo Lokuhlala lwesivuno ezoqala
FEBRUARY (Nhlolanja)	Enza Izilinganiso Zomoba Akha Uhlelo Lokusebenzisa Izilinganiso (budget)
MARCH (Ndasa)	Hlela Ukumisa Ukunisela Futha Imingcele Yamasimu

***Lesi isibonelo nje – wena ubhala loko okumele kwenziwe nomsebenzi

Insimu	Mbasas (Apr)	Nhlaba (May)	Nhlangulana (Jun)
F1	Qeqesha abagawuli Akha Uhlelo lokunisela	Hlola Umonakalo wesithwathwa	Thenga umanyolo Lungisa Amabhande omlilo
F2	Hlola uhlobo lomhlabathi nomthamo womkhiqizo Thatha isampula lomhlabathi	-	Thenga umanyolo nezibulala-khula

Amaphuzu abalulekile ngohlelo lomsebenzi;

- Uma kunoqeqesho oluhleliwe oluqondile, ungalukhombisa nomsebenzi
- Gcina womabili lamashidi, ubeke obala elesizini yonke oluhlanganisa
- Uma unensimu eyodwa – beka obala uhlelo lomsebenzi lwensimu
- Uhlelo lomsebenzi malungagcini ngokwakhiwa nje kuphela besebenzisa
- Uhlelo lomsebenzi lungabuyekezwa phakathi nesikhathi, kwenziwe

IZI LONYAKA (*Farming calendar*)

1ha, Inyanga eyatshalwa ngayo:- September 2009

Uzwe	Umgomo wesibalo sabasebenzi bokwenza lowomsebenzi, nokunye nge-hektare (ha) (Labour std. Man Days per ha or other std.)	Isibalo sabasebenzi noma semishini edingakalayo ukwenza lowomsebenzi (Total Man or machine days)	Izinto ezidingakalayo ukwenza lowomsebenzi (Materials)	Ubungako bento edingakalayo ukwenza lowomsebenzi (Quantity)
	-	-	-	-
	-	-	-	-
Iilwa	-	-	-	-
	1	1	Umshini wokusika	1
	1	1	Uphoyizeni (igama lawo) Isigubhu sokufutha	1
Isikamanyolo	-	-	-	-
Isidisi	1 1	1 1	Uphoyizeni (igama lawo) 1:0:1 (48) Isigubhu sikamanyolo	- 12 amasaka 1
Isidisi-Khula	-	-	-	-
Isidisi omoba	1	1	-	-
	4	4	amaKhuba/geja	4
Isidisi	-	-	Amarekhodi ensimu Ikhanda lakwa-SASRI	-
Isidisi	-	-	-	-
Isidisi mali	1 -	1 -	Isikali (scale) Ibhande lokukala ubude (measuring tape)	1 -
	-	-	-	-
	1	1	Glyphosate	1 litre

na okuhambisana nensimu yakho

Uhlelo lomsebenzi loNyaka / lwe-SIZINI lwePulazi lonke

Jan	Ntulikazi (Jul)	Ncwaba (Aug)	Mandulo (Sep)	Mfumfu (Oct)	Lwezi (Nov)	Zibandlela (Dec)	Masingana (Jan)	Nhlolanja (Feb)	Ndasa (Mar)
Iilwa	Iilwa nokhula lwasebusika	Lungisa izigubhu zokufaka uphoyizeni	Faka Izibulala-khula Faka Isikhuthaza	Hlola Ukusebenza Kwezibulala-Khula	Thatha Isampula lamaqabunga	Hlakula ngezandla	Akha uhlelo lomsebenzi Akha uhlelo lokuhlala	Enza Izilinganiso Akha uhlelo lokusebenzisa izimali	Futha Imingcele yamasimu Hlela Ukumisa ukunisela
Iilwa	Hlela ukuthuthwa kwembewu Enza isidingo sabasebenzi	-	Qala ukutshala	-	Faka izibulala-khula zokulandelisa Faka isikhuthaza	-	Akha uhlelo lomsebenzi	Enza Izilinganiso Akha uhlelo lokusebenzisa izimali	Futha Imingcele yamasimu

na ulufake nalo ohlelweni lwakho lomsebenzi

anisa amasimu onke njengesikhumbuziso – uma usudinga ulwazi noma imininingwane ngokuzokwenziwa ngensimu, thatha ishidi laleyonsimu

u njengoba lunjalo

ke kugcina lapho, kodwa kumele lulandelwe njengoba lunjalo ngaleyondlela kuyoba nokuzuza ekugcineni.

we izinguquko uma kunesidingo

Amasu asemqoka

Okumele ukwenze kulezinyanga ezine ezilandelayo, yiloku:



ngu William Gillespie
(Umeluleki wezomoba: SASRI)



JANUARY / MASINGANA

- Hlolela izifo nezinhlobo zomoba okungeyizo emasimini nakwi Zinkulisa-mbewu zakho
- Lungisa imishini namathuluzi akho abe sesimeni sokusebenza
- Bheka ubabe olusalile/olumile kamuva emasimini ulukhiphe
- Chela ngomuthi ubulale ukhula olunabayo/huquzelayo njengesinandi olungaphansi kwesikhaba somoba
- Yenza uhlelo lokuhlahla lweSizini ezoqala
- Hlela futhi uphothule uhlelo lokuvuthiswa komoba ngomuthi
- Bhekisisa ukukhula komoba emasimini ukuze ubone lakunesidingo khona sokutshala kabusha.



FEBRUARY / NHLOLANJA

- Qala ukuchela umoba ngomuthi ngenhloso yokuvuthiswa uma izimo sezivuma
- Dweba uhlelo lomsebenzi lweSizini yonke ezoqala
- Yenza uhlelo lokusebenza kwezimali
- Yenza uhlelo lwesidingo sembewu yangonyaka ozayo
- Yimba ususe izixhanti zomoba ezinezifo kanye nezinhlobo zomoba ekungeyizo ezitshaliwe emasimini nakwizinkulisa-mbewu
- Sika utshani emabhandeni/ezitubheni nasemigceleni yamasimu
- Yenza izilinganiso zomoba wakho zesizini ezoqala
- **Maphakathi nesifundazwe,**
 - *Tshala lezondawo ezinokuhlaselwa isithwathwa*
 - *Tshala izinkulisa-mbewu.*



MARCH / NDASA

- Yakha uhlelo lokumisa ukunisela emasimini azohlhlwa
- Hlolela isifo u-Mbasha (RSD) emasimini azotshalwa kabusha
- Hambisa izilinganiso zomoba wakho ozohlhlwa
- Hlola isihlava-somoba (eldana) emasimini angahlhlwanga ngesizini edlule
- Lungisa futhi ugcine isesimweni esihle yonke imigwaqo epulazini lakho
- Phothula ukutshala kwakho kwase nkwindla.



APRIL / MBASA

- Yenza isiqiniseko sokuthi abagawuli bomoba bayaluthola uqeqesho noma sebeqeqeshekile
- Ubuhle bomoba into ebaluleke kakhulu ngakhoke qikelela ukuthi uhlahla umoba ovuthwe ngokwanele, omuhle futhi omusha
- Amasimu azotshalwa kabusha nalawo anesihlava (eldana) esiningi kumele uhlahle wona kuqala
- Hlela kahle ukunisela kwakho, unganiseli ngokweqile
- Ingabe uhlelo lokuhlahla selumi ngomumo, usuyamazi usonkontileka ozokuhlahlela?
- Thatha amasampula omhlabathi emasimini azovuselelwa khona uzothola izincomo zikamanyolo ozowusebenzisa
- Thenga uKALIKA / umcako-wabalimi uma udingeka ensimini yakho.



Izinhlelo Zezolimo Emsakazweni

IGAMA LOMSAKAZO	INDAWO ISITSHI SOMSAKAZO ESIKUYO	GAMA LOHLELO	USUKU OKUSAKAZWA NGALO UHLELO	ISIKHATHI OKUSAKAZWA NGASO
SUNNY SOUTH (97.0 FM)	Port Shepstone	Ulimo lwakho	NgoLwesine	05:00 – 06:00
UKHOZI FM (90.1 – 107.5 FM)	Ethekwini	Cobela kufalaza mlimi	NgoLwesithathu	03:45 – 04:45
ZULULAND (FM) (97.0 FM)	Melmoth	Ezolimo eZululand	NgoLwesine	06:00 – 07:00
KHWEZI RADIO (90.5 no 107.7 FM)	Kranskop	Ezolimo nomnotho	NgoLwesithathu	19:05 – 20:00
GOOD NEWS (93.6 FM)	Verulam	Ezolimo nezemvelo	lwesithathu	14:00 – 15:00
ICORA (100.4 FM)	Eshowe	Phezu komkhono	NgoLwesithathu	19:00 – 20:00
MAPUTALAND RADIO (107.6 FM)	Jozini	Xoshindlala	NgoLwesine	19:00 – 20:00
SIYATHUTHUKA (97.4 FM)	Ndwedwe	Ezolimo nentuthuko	NgoLwesibili	14:00 – 15:00
IMBOKODO (96.8 FM)	Pinetown	Ezolimo nemvelo	NgoLwesithathu	18:00 – 19:00
UMGUNGUNDLOVU (107.6 FM)	Pietermaritzburg	Ezolimo	NgoLwesine	05:00 – 06:00



Abalimi bayakhuthazwa ukuthi balalele izinhlelo zezolimo emsakazweni abazethulelwa wumnyango wezolimo kanye nesikhungo socwaningo lezomoba (SASRI). Lezinhlelo zisakazwa emasakazweni yesifundazwe eyahlukahlukene njengoba kubekiwe ngezansi. Lezi zinhlelo ziphethe ulwazi oludingwa ngumlimi ukuze aphumelele, futhi zixhaswe wumnyango wezolimo nemvelo kwaZulu-Natal.

ABADIDIYELI

Bongi Bhengu, Sifiso Hlela, Joe Nkala & Sagie Doorsamy (Umhleli) Ikhishwa kathathu ngonyaka; ngoMasingana, uNhlabane nangoMandulo
Imibono nemibuzo: Sifiso Hlela: 031 508 7511 Email sifiso.hlela@sugar.org.za